**Keynote address by the MEC of Agriculture and Rural Development in KwaZulu-Natal, Hon. Thembeni kaMadlopha-Mthethwa on the occasion of the handing over of farming implements and Title Deeds.**

**DATED: 29 JUNE 2026**
**VENUE: MELMOTH SPORTS FIELD, UMTHONJANENI LOCAL MUNICIPALITY**

**GREETINGS**

The Honourable Minister of Land Reform and Rural Development, Mzwanele Nyhontso.
His Worship, The Mayor of uMthonjaneni Local Municipality, Cllr M Biyela
His Worship, The Mayor of King Cetshwayo District Municipality, Cllr SZ Dlamini
Head of Ministry Mr Jaconia Mngomezulu
All officials present
Abalimi
Izinhlangano zabalimi
Abanikazi bomhlaba

Ngqongqoshe, kuyangithokozisa ukucosha ithuba elingqayizivele lokubeka amabili, amathathu ohlelweni lwakho olubaluleke ngaloluhlobo. Ake ngiqale ngitshele umphakathi walapha eMthonjaneni ukuthi besindawonye Ngqongqoshe ngo May eBloemfontein la ubusihlanganise khona sibhunga ngezinto ezizosiyisa phambili ekuthuthukisweni komuntu ompisholo ikakhulukazi thina esihlala ezindaweni zasemakhaya, ikakhulukazi futhi ezabelweni. Lapha KwaZulu-Natali nje cishe indawo engama Hectare angu 2.8 million isezabelweni, iphethwe ngamakhosi oNdabezitha. Iningi labantu bakithi bahlala kuzolezindawo. Umhlangano wakho Ngqongqoshe ngoMay wawubalulekile ngoba njengeminyango exhumene siyadinga ukusebenza ngokubambisana. Isibonelo nje uma nibuyisa umhlaba emiphakathini, lowo mhlaba udinga ukusetshenziselwa ikakhulukazi ezolimo. Kulapho ke nathi singena khona njengoMnyango wezoLimo NokuThuthukiswa kweziNdawo ezisemaKhaya njengesifundazwe. Siyazi ukuthi njengamanje Ngqongqoshe awugcini kuphela ngokubuyisa umhlaba ohamba wodwa kepha ufaka nenkece ehambisana nokusetshenziswa kwawo, kwenziwe amabhizinisi kuwo lowomhlaba. Silishayela ihlombe elikhulu lelogxathu. Akhona ke amaplazi amanye athola imali kepha leyomali ihambe ihambe iphele, kwesinye isikhathi kuvuke izingxabano phakathi kwe Trust kuphele kanjalo ngebhizinisi okwenza ukuthi umhlaba uhlale nje kanjalo ungasetshenziswa. Zikhona futhi nezindawo ezathola amaplazi ngaphandle kwemali abakuthola kunzima ukuba benze izinhlelo zamabhizinisi. Ezinye izinselelo wukuthi amanye amaplazi awalinywa ngabanikazi ababebuyiselwe umhlaba, bayarentisa ngawo. Okwethu

njengoMinyango ukuba sithole indlela yokusebenzisana ukuze lamaplazi asebenze ngokugcwele.

Sinethulela isigqoko mphakathi waseMthonjaneni ngaloluhlelo olulethwe uNgqongqoshe. Siyethemba ukuthi luzothela izithelo ezinhle. Nathi njengoMnyango esifundazweni siyaziqhenya ngemizamo yenu yokuqinisekisa ukuthi niyalima, anigcini kuphela ngokuthi niziphilise ngemikhiqizo yenu yezolimo, niphinde nihwebe ngayo. Uma sihambele indawo yalapha njengohulumeni sizishaya isifuba ngokubona amasimu namaplazi aluhlaza cwe yizitshalo, okuyinto ehambisana nekhwelo elashaywa uNdunankulu wesifundazwe uMhlonishwa uNtuli ukuth sikhuthale ekusebenziseni umhlabathi.

**FMD UPDATE**

Ngqongqoshe ngizobe ngenza iphutha uma ngingase ngiqede ukukhuluma ngingaluphathanga udaba lwesifo samatele esisiphilisa lubhojozi njengabalimi kuzwelonke.

Sesiluphothulile uhlelo lwehlandla lokuqala lokugoma oGwini, Harry Gwala, eMkhanyakude, eZululand, eMgungundlovu, naseThekwini. Njengamanje simatasa oThukela, sizoluphothula khona mhlaka 11 kuNtulikazi. Umgomo kazwelonke uthi inqobo nje uma sigome ezingaphezulu kuka 80 wamaphesenti. Njwngamanje sesigome imfuyo ebalelwa ku 1.2 million selokhu siqale ngomhlaka 26 kuNhlolanja uFebruary.

**MINISTER MZWANELE NYHONTSO'S INTRODUCTION**

UNgqongqoshe wezokuBuyiswa koMhlaba nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uMhlonishwa Nyhontso, usehambe ibanga elide ukulwela amalungelo abantu abamnyama ukuze babuyelwe isithunzi sabo. Uqale ukusebenza emabhange, lapho wagcina khona ngokubamba isikhundla sokuba yimanenja.

Kwezombusazwe, uchithe isikhathi esiningi kwezomshoshaphansi elwisana nombuso wobandlululo. Ube yikhansela lenhlangano ayibusayo i PAC iminyaka eyishumi e-Eastern Cape. Ube yilungu le MPAC iminyaka emhlanu.
Kwathi ngo 2018 waqokwa njengoMengameli we PAC.
Ngo 2019 waba yilungu lePhalamende likazwelonke.

Ngemuva kokhetho luka 2024 ngoMay waqokwa nguMengameli uMhlonishwa uCyril Ramaphosa ukuba abe nguNgqongqoshe wezokuBuyiswa koMhlaba NokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya.